

UDavida nebutho lakhe lezigebengu¹

Kuthé-ke kungakushona uSamweli, kwabuthana ulzrayeli wonke kulilwa; wangcwatshwa kubo eRama. UDavida wasuka lapho-ke wewukela eningizimu, wayozihoxelela ehlane lasePharani.

EMawoni kwakwakhé isicebi. Imfuyo yaso ilapha-nje emadlelweni aseKharmeli - izimvu eziyizinkulungwane ezintathu nezimbuzi eziyinkulungwane. Zazizogundwa. Lo mlisa kwakunguNabali, engowesende likaKhalebhu². Umkakhe kwakunguAbhigeli, emuhle futhi ehlananiphile; uNabali yena kungukhandalimtshelokwakhe-nje³.

Sekuthi-ke uma uDavida ezwa ukuthi uNabali useseKharmeli ukuzogunda imfuyo yakhe, usethumela abayishumi begenge yakhe, ethi: „Hambani niye eKharmeli niyongikhonzela kuNabali, nithi:

Okuhle kodwa! Inhlanhla namathamsanqa kuwe nasemndenini wonke nakukho konke okungokwakho!

Ngiyezwa kuthiwa kuzogundwa imfuyo yakho. Anké ngikukhumbuze-nje ukuthi abelusi bakwakho bebeyelusela duze nathi-nje imfuyo le. Asibenzanga lutho; akuswelekanga ngisho neyodwa-nje imvu beseKharmeli. Zibuzele, bazokutshela. Ngakho-ke zemukele ngesihle izithunywa zami! Kuyabuswa kwakho namuhla. Aké ukhombise ukulunga, ufumbathise izithunywa zami okuncanyana-nje ongakuphathisela inceku yakho, owakwenu, uDavida!

Zithé zingambikela uNabali, zahlala zalinda. Waphendula uNabali, wathi: “UDavida? Ngubani lowo? Indodana kaZayi? Ngimazela phi? Izwe selagcwala izigebengu ezeqa emsebenzini ziqoke ubugcwelegcwele!

Ukudla namanzi nale nyama ngihlinzeké ngakho⁴ abazongigundela imfuyo. Qha, ngeke ngikuthathe ngikuphe abantu-nje engingazi nokuthi bavela phi!”

Zaphenduka izithunywa, zaphindela kuDavida, zambikela konke. „Ayihlome ihlasele!“, kusho uDavida, naye wahloma wapelela. Kwagquzuka kanye naye amakhulu amane otsotsi, emuva kwasala abangamakhulu amabili bebheké inkambi.

Umfazi okhaliphile nomyeni wakhe oyisiwula⁵

Enye yezinceku zikaNabali yayisiphuthumé yafika kuAbhigeli. „Bekunezithunywa zikaDavida lapha“, isho imbikela. „Bezizokwethula izilokotho ezinhle, kodwa ubasi wavele wazehla ngenhlamba-nje. Kanti ke legenge kaDavida inomusa kabi kithi, ayikaze isihlukumeze nakanye nje. Selusela buqamanyana-nje nayo emadlelweni ehlane; asikaze sintshontshelwe neyodwa nje imvu. Ubusuku nemini kungathi sisingethwe uthango olumangalisayo uma sisondele kubo nemfuyo. Zama bo

¹ NOMA: /UDavida ubhongoza wezigebengu/ UDavida notsotsi bakhe / Inkokheli yezigcwelegcwele, uDavida/

² NOMA: engowenzalo kaKhalebhu

³ NOMA: /enenkani nochuku/ kungusalakutshelwa /

⁴ NOMA: ngikulungiselele

⁵ NOMA: /Ubuphixiphixi nobuqili benceku nenkalipho kaAbhigeli/

ukunqanda ulaka olungase lusehlele angaze abhubhe ubasi kanye nathi sonke. Unochuku nenkani, nawe uyamazi, nguSalakutshelwa.

Useshesha uAbhigeli ethumela, kwethweswa izimbongolo imithwalo. Wathatha izinkwa ezingamakhulu amabili, amagobongo amabili ewayini, izimvu ezinhlanu ezihlinziweyo, isaka lezinkobe namakhekhe alikhulu amakhiwane. Wathi ezincekwini zakhe: „Qhubani izimbongolo ningene indlela, ngiyanilandela!“ Umyeni wakhe akaze amtshela lutho.

Sekuthi uAbhigeli ecaca ngembongolo ewusa intaba, usethuka esehlangabezana noDavida negenge yakhe. Uyathetha uDavida: „Ngisokolela amahhala ehlane ngivikela imfuyo yaleli huzu! Akuswelekanga ngisho neyodwa nje impahla emfuyweni yalo, kubo bonke ubuhle engilenzele lona lingibonga kanje? Ngiyahlasela! Impela uyongijezisa uSmakade uma kusa ngishiyé noma kwakunye nje kwabakhe okunomthondo!

Uthé uAbhigeli uma ebona ukuthi nguDavida lona, waphuthuma wehla embongolweni, wazithela phansi phambi kwakhe, wamqhobozelela, ethi: „Koné mina, Nkosi yami! Vuma, Baba, ngikuchazele. Isidwanyampuphu lesi esinguNabali ungasinaki. Ufuzé igama lakhe: uSalakutshelwa! Kubé yiphutha ukuthi bengingekho kufika izithunywa zakho. Ngimfunge phambi kwakho uNkulunkulu ophilayo: Yinhlanhla ukuthi sihlangane! USmakade usekunqandile ukuthi uqhubeke uyokhipha isibhongo, uzethwese icala ngalokho. UNabali angeke singweme isijeziso sakhe noma kunjalo. Zonke izitha zakho ezikusongelayo ziyobhubha njengaye.

Yemukela nantu ubadlana engifika nalo, Nkosi yami, nihlephulelane nebutho elikuphelekezelayo. Ngiyincekukazi yakho; xola ngendelelo yami yokucaluzo endleleni yakho. Ngiyazi ukuthi uSomandla uyokubeka ube yinkosi, umbuso wakho awuyukukhawuka. Inyani phela uNkulunkulu izimpi zakhe uzilwelwa azinqotshelwe nguwe; empilweni yakho yonke akusoze kwafunyanwa cala kuwe. Nokusongelayo ekuzingelela ukukubulala uyazidlalela nje; ingani phela uSomandla uyiqakamelele impilo yakho njengomuntu okhusele itshe legugu esikhwameni sakhe. Eyezitha zakho impilo uSomandla uyoyijikijela kude njengetshe lintshingwa yisihlilingi. Kuyawukuthi ke uSomandla esezigcwalisile izethembiso zakhe wabeka ubukhosi bakwalzrayeli ezandleni zakho, ukuthokozele ukuthi awuphikelelanga ukuyozikhiphela isibhongo uzethwese icala ngamabomu. Uze ungikhumbule ke nami, incekekazi yakho, uma iNkosi isize yakufikisa lapho.“

„Adadunyiswe uSmakade, umbusi kaIzrayeli“ kuphendula uDavida, „ngokungihlangabezisa ngawe kulo mzuzu. Ukukhalipha kwengqondo yakho kuyamangalisa! Ubusisekile ngokunginqanda ekuphikeleleni ukuyozikhiphela isibhongo, ngizethwese icala. Ngifunga phambi kwakho kuSmakade, umbusi kaIzrayeli, ongingande ekutheni ngilokotho ngikubeke isandla, ngithi: Ukuba awusheshanga wangihlangabeza, uNabali kusasa ngentathakusa ubengasekuthola namunye nje kwabakhe obeyobe esaphila - namunye nje umthondo obuyobe usathinteka!“

Wazemukela uDavida izipho uAbhigeli ayemphathele zona, wathi kuye: „Phindela kwakho, ungakhathazeki. Isicelo sakho sesifezekile.

UAbhigeli usegcina egana uDavida

Uthé uAbhigeli efika ekhaya, wamfica uNabali esedilini nabamsebenzelayo, kubuswa; etatazelelwa njengombusi. Wayesese ngokwedlulele, esedakiwe; uAbhigeli akaze amxoxela lutho.

Ngakusasa, utshwala sebusile⁶, usembikela ke uAbhigeli okwenzakele. Uthé uma ezwa lokho wadikibala kwaba sengathi ushaywé umbani, akabe esathi shu. Akubanga nsuku-ngaki iNkosi yamdedela washona.

Uthé uDavida ethola lowo mbiko, wathi: „Akadunyiswe oPhezukonke! Ungiqokile wangiklomela, uNabali wamjezisa ngobuhlongandlebe bakhe. Mina nceku yakhe ungophulile wanginqanda ekuzethweseni icala ngamabomu. UNabali umbhaxabulé ngophindamshaye ngenxa yesenzo sakhe esibi!“

Wayesethumela abakhongi ukuthi bayomcelela ukuthi uAbhigeli manje abe ngumkakhe. Bafika eKharmeli bathi: „Sithunywa nguDavida; ufuna ube ngumkakhe!“

Wasukuma, wazilahla phansi eqhobozela, ethi: „Ngingowakhe, ngizimisele ngisho nokuzigeza izinyawo izinceku zesoka lami⁷.“ Waphuthuma waqoqa, wabopha imithwalo waphuma nezimpelesi ezinhlano egibele imbongolo yakhe elandela abakhongi, wayoba ngumkaDavida.

Wayesebafazi babili ke manje uDavida njengoba ngaphambi kwalokho wayesanda kugwanwa nguAhinowami waseJezreyeli. Indodakazi kaSawuli, uMikhali, owayekade engumkakhe wokuqala, uyise wayesamganisela uPhalathi, indodana kaLayisha waseGalimi.

iviyo lezikhuthali
obanjiswaneni lokuhumusha nokubhala kabusha ibhaybheli ngesiZulu
- biblia zuluensis -



⁶ NOMA: seledlule/seliphelile ibhabhalazi

⁷ NOMA: /zomnumzane wami/ zendoda yami/ - “nokubageza ... abakhongi!”